**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isivivinyo sokuqondisisa | (30) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: | Uhlelo nokusetshenziswa kolimi | (40) |

2. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.

3. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

4. Dweba umugqa emva KWESIQEPHU NGASINYE.

5. Bhala izinombolo zezimpendulo kahle ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha lemibuzo.

6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.

7. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

8. Ukwabiwa kwesikhathi okuncomekayo:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Imizuzu engama-50 |
| ISIQEPHU B: | Imizuzu engama-20 |
| ISIQEPHU C: | Imizuzu engama-50 |

9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

### UMBUZO 1

1.1 Fundisisa UMBHALO A bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO A (OKUFUNDWAYO)**

**UKUSOKA NGENYE YEZINDLELA ZOKUPHILA**

1 Ukusoka (circumcision) kunomlando osuka kude. Amazwe amaningi ayasoka ngoba elandela inkolo, isiko kanye nezempilo kusukela endulo/kudala. Izinhlanga ezahlukene zisoka ngezindlela ezingafani kanti zisebenzisa namagama ahlukene atholakala ezincwadini ezinjengeBhayibheli, i-Qur'an, iTorah nezinye. Ucwaningo olwenziwa ngokusoka lungasifundisa okuningi esingakwazi.

2 Ngesikhathi sakudala abantu babelandela ukusoka njengomthetho kaNkulunkulu. Siyafunda ezincwadini eziseBhayibhelini ukuthi uNkululunkulu wayala u-Abraham ukuthi asoke nakuba wayeseneminyaka engama-99. Inhloso kaNkulunkulu kwakungukunika u-Abraham ilungelo lokuphatha amazwi angcwele azokwakha izizukulwane zabantu. Lokhu kwakungekhona ukuthi abafana babengamadoda kodwa kwakungukulandela umthetho neziyalo zikaNkulunkulu. Ngokuhamba kwesikhathi babona kungaba umkhuba omuhle ukuba izingane zabafana zisokwe ngesikhathi zisencane kakhulu. Labo ababekulandela ukusoka babekujabulela futhi bekwamukela njengesivumelwano sokufundisa ngevangeli likaNkulunkulu.

3 Isizwe samaZulu saqala ukusoka eminyakeni eminingi edlule. Ngesikhathi sokusoka abesilisa babeya entabeni lapho ababesokwa khona. Umuntu owayebasoka wayebizwa ngokuthi 'ingcibi' kanti ukusoka kona babethi 'ukugweda'. Ukugweda kwakwenziwa entabeni njengosiko lokufundisa abesilisa ngemisebenzi nezindlela okufanele baziphathe ngazo emakhaya nasemphakathini. Babehlala izinyanga ezi-3 entabeni. Inkosi uShaka indodana kaSenzangakhona, walivala leli siko. Wabona ukuthi kubambezela uhlelo lokuqeqesha abesilisa ukuba babe ngamabutho. Wayethi isiko lokusoka lithatha isikhathi eside kanti kufanele bafunde ukuvikela isizwe samaZulu ezimpini ukuze sikhule.

4 Isilo, uGoodwill Zwelithini Zulu, wakubuyisa ukusoka esizweni samaZulu. Ngonyaka wezi-2009 **wahlaba umkhosi** ezinkulungwaneni zabantu besilisa ukuba basoke. Wabachazela ukuthi lokhu ukwenza ngoba kuzokwehlisa ukwanda kwezifo zocansi ezithathelanayo. Wacela uNgqongqoshe wezeMpilo uDkt. Sibongiseni Dlomo (KwaZulu-Natali) kanye nabanye odokotela ukuba benze izinhlelo zokusiza ngokusoka abesilisa ngendlela ephephile. UMnu. Malusi Yeni ongumdlali wezithombe waba inxusa (ambassador) egqugquzela abesilisa ukuba basoke. Kwasokwa mahhala ezibhedlela zikahulumeni. Abasoka ezibhedlela ezizimele bakhokha **imali eshisiwe**. Namanje kuyaqhubeka ukusokwa kwabesilisa ngokwezinhlelo zikahulumeni.

5 Ngokocwaningo amaSulumane (Muslims) ayiqembu elikhulu elisokayo ngokulandela inkolo yawo i-Islami. Lokhu kwaqalwa nguMprofethi uMuhammed. Incwadi yamaSulumane, i-Qur'an, ilandela umthetho kaMuhammed. Ngokwenkolo yamaSulumane ukusoka kuwuphawu lokuhlanzeka nolokuthi wena usungomunye wale nkolo. Ukusoka enkolweni yawo akunaso isikhathi esibekelwe kona, kuya ngokuthi umndeni noma indawo ahlala kuyo ivumelana nokuthi kwenziwa nini. Iningi likwenza ngesikhathi umntwana ezalwa noma esanezinsuku eziyisi-7. Amanye asoka uma ethatha inkolo ye-Islami nakuba kungaphoqiwe. Esikhathini esiningi kwenziwa ngodokotela ezibhedlela. Awukho umcimbi owenziwayo emva kokuthi owesilisa esesokiwe ngokwale nkolo.

6 Abazali bamaJuda sekuphele iminyaka engaphezulu kweyizi-3000 belandela isiko lokusoka. NgokwamaJuda ukusoka kuyilungelo lomntwana wesilisa uma ezalwa. Incwadi yabo, i-Torah ilandela umthetho ka-Abraham awunikwa uNkulunkulu mayelana nokusoka. Umcimbi wabo wokusoka ubizwa nge-Bris (Briz) Milah. Lo mcimbi wenzelwa ekhaya noma eSinagoge. Umuntu okufanele asoke usana kuthiwa i-mohel. Lo muntu uyazi yonke imithetho ye-Torah futhi unolwazi lwezempilo oludingekayo. Emva kokuqeda ukusoka kuconsiselwa amathonsi/amaconsi amabili ewayini emlonyeni wosana bese lunikwa igama lalo ngolimi lwamaJuda okuyisiHebheru. Umndeni wenza umcimbi wokulwamukela usana njengelungu eliphelele, uluphe nezibusiso.

7 Isizwe samaXhosa sidume kakhulu ngokulandela ukusoka njengesiko. Abafana basokwa kusukela eminyakeni eyi-13 kuya kweyi-17. Ukusoka bakubiza ngolwaluko kanti abafana abasuke besokwa babizwa ngokuthi ngabakhwetha. Ulwaluko lwenzelwa entabeni. Bahlala inyanga eyodwa noma ngaphezulu. Entabeni bafundiswa ngamasiko, umlando wesizwe, ubudlelwane, isimilo kanye nomsebenzi wendoda emndenini nasemphakathini. Emva kolwaluko kwenziwa umcimbi okuthiwa umgidi, bangeniswe ebudodeni bese bephiwa izipho. Ongalwenzanga ulwaluko ubizwa ngenkwenkwe (umfana) noma ngabe uneminyaka emingaki.

8 Ucwaningo luyasivezela ukuthi abezeMpilo emhlabeni wonke bayakweseka ukusoka. Ukusoka kwehlisa izinga lokwanda kwezifo zocansi. Ziningi izibhedlela nemitholampilo evulele abesilisa ukuthi bazosoka. Kuhle ukuthatha leli thuba ukuze kugwemeke izifo.

[Icashunwe kuhttp://www.circumcisions.com/tribal.html yase iyahunyushwa]

1.1.1 Kwaqala nini ukusoka? (1)

1.1.2 Bhala OKUBILI okusuke kulandelwa uma kusokwa. (2)

1.1.3 Khetha impendulo eyodwa kulezi ozinikiwe:

Ngokwesiqephu igama 'usana' lisho ...

A ukosokwa kwabesilisa.
B isiko lakudala.
C umntwana omncane.
D izifo zocansi. (1)

1.1.4 Yiziphi izizathu ezenza ukuthi inkosi uShaka ikuvale ukusokwa kwabesilisa? Bhala kube KUBILI. (2)

1.1.5 Qondanisa IKHOLOMU A ne KHOLOMU B.

| IKHOLAMU A | IKHOLAMU B |
|---|---|
| (i) AmaSulumane | A IsiHebheru |
| (ii) AmaXhosa | B Ukugweda |
| (iii) AmaJuda | C I-Qur'an |
| (iv) AmaZulu | D Ulwaluko |

(4 x 1) (4)

1.1.6 Ucabanga ukuthi sizathu sini esenza amaSulumane angalindi isikhathi eside kepha asheshe amsoke umntwana wesilisa ngesikhathi ezalwa noma esenezinsuku eziyi-7? (2)

1.1.7 Kungani amaJuda ekuthatha njengokwephula ilungelo lomntwana wesilisa uma umzali engamsoki ngesikhathi ezalwa? (2)

1.1.8 Kungaba namuphi umphumela omubi kumfana ongumXhosa ukungasokwa uma esephakathi kwabanye abafana abasokiwe? (2)

1.1.9 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezibhalwe ngokuqgamile njengoba zisetshenzisiwe endabeni.

(a) Isilo samaZulu **sahlaba umkhosi** ezinkulungwaneni zabantu. (2)


(b) Abanye babekhokha **imali eshisiwe** ezibhedlela. (2)

1.1.10 IQINISO noma UMBONO ukuthi umuntu wesilisa ongasokile ubulawa yizifo? Sekela impendulo yakho. (2)

1.1.11 Ngokucabanga kwakho kungani izinhlanga ezahlukene zikuqikelela ukuthi ukusoka kwenziwe ngabantu abanolwazi? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.2 Bukisisa UMBHALO B bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO B (OBUKWAYO)**




[Sicashunwe ku-googlepics]

1.2.1 Yini esetafuleni engasiza uthisha ukuthi abafundi bamlalele/ bathule umsindo uma efundisa? (1)

1.2.2 Uthisha ufundisa siphi isifundo njengamanje? (1)

1.2.3 Ngokwesithombe yimuphi umthetho wekilasi owephulwa nguNoni? (2)

1.2.4 Phawula ngobuhle nobubi bokusetshenziswa kwama-tablets ekilasini. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

### UMBUZO 2

Fundisisa UMBHALO C ongezansi bese uwufingqa ngamaphuzu ayi-7 ubhale ngokubaluleka kweziqholo kubantu.

### IMIYALELO

1. Bhala ngemisho ephelele. Amagama angeqi/angadluli kwangama-60.
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweye-7.
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye.
4. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile, bhala inani lamagama owasebenzisile.

### UMBHALO C (OFUNDWAYO)

**UKUBALULEKA KWEZIQHOLO KUBANTU**

Iziqholo zisetshenziselwa izizathu eziningi. Zakhiwa ngezihlahla, izimbali, amafutha nokunye. Zinamaphunga, amanani, amagama nabakhiqizi abangafani. Kukhona iziqholo zabesilisa nezabesifazane, ezasemini nezasebusuku.

Abantu bakhetha ukuthenga nokusebenzisa iziqholo ezinamaphunga amnandi. Iziqholo ezinuka kamnandi zenza abantu baphenduke nawe behehwa iphunga. Iziqholo zenziwa ngezindlela eziningi.

Iziqholo sizihogela ezindaweni nasemicimbini engafani. Lokhu kukwenza ukhumbule umuntu owake wahlangana noma waphila naye bese kubuya imizwa yothando noma yenzondo.

Umuntu osebenzisa iziqholo wenyusa izinga lakhe lokuzethemba. Abantu uma besondela eduze kwakhe akazenyezi ngalutho. Umzimba wakhe uwunyakazisa ngokukhululeka uma ekhuluma noma esebenza.

Kukhona abantu abasebenzisa iziqholo ezigcina seziyibo, bezwakale ngazo ngisho ungababoni. Lokhu kuyasiza kubantu abangaboni emehlweni, basebenzisa iphunga lesiqholo ukwehlukanisa abantu.

Kukhona iziqholo ezisetshenziswa ebusuku. Ziyalekelela kumuntu onenkinga yokuqwasha ngoba iphunga lazo liyamlolozela aze azumeke.

Izifo nengcindezi kuhlasela abantu zonke izinsuku. Iziqholo ziyakwazi ukwehlisa izinhlungu nokhwantalala ngenxa yezithako zemvelo ezisetshenzisiwe. Kuyamangalisa ukuthi ziqeda izinhlungu.

Kunezikhathi lapho abantu bezizwa bengaphathekile kahle emoyeni. Iziqholo zibuyisa umdlandla nomfutho bazizwe sebengcono emoyeni bakwazi ukuqhubeka nempilo.

Ngokuzayo uma ufaka isiqholo, kufanele wazi ukuthi awenzeli ukunuka kahle nje kuphela kodwa kuningi ongakuzuza kuzona. Kuhle ukuzithenga nokuzifaka njalo.

[Icashunwe ku-inthanethi yabe isihunyushwa]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

## ISIQEPHU C: IZAKHIWO KANYE NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

### UMBUZO 3

Bukisisa UMBHALO D bese uphendula imibuzo ezolandela.

### UMBHALO D (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)




[Sicashunwe kwi*Solezwe* 2020 sahunyushwa.]

3.1 Ungawaseka ngani amasosha akho omzimba ngokwesikhangisi? (1)

3.2 Bhala isifinyezo segama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:

La maphilisi awayidingi incwadi ka**dokotela.** (1)

3.3 Nciphisa igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo bese ulisebenzisa emshweni ozakhele wona.

Ungakwazi ukukhetha **impilo** yakho. (2)

3.4 Tomula amagama akhombisa/aqukethe ulimi olukhohlisayo embhalweni D. (2)

3.5 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe ukuchaza isimo sokukhuluma esilandelayo:

Imbila yaswela umsila ngokuyalezela:

A Ukuzibuka
B Ukuziqhenya
C Ukuzenzela
D Ukuthumela (1)

3.6 Hlobo luni lwebizo leli elibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo?

Le mithi isekela **amasosha** omzimba. (1)

3.7 Yimuphi umyalezo odluliswa isithombe sowesifazane embhalweni D? (2)
**[10]**

**UMBUZO 4**

Bukisisa UMBHALO E bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO E (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**




[Sicashunwe ephephandabeni iLanga sasesihunyushwa.]

4.1 Yini eyenza uSofi ajabule kule khathuni engenhla? (1)

4.2 Guqula lo musho olandelayo ube sebunyeni:

Baphumile okhiye bezindlu zabahlali. (2)

4.3 Yini eyenza kuzwakale sengathi uJoe akashadile noSofi. Bhala OKUBILI okusembhalweni E. (2)

4.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe:

Igama elithi, 'umxhaso' lisho ...

A okwebiwe.
B okunikeliwe.
C okubizayo.
D okungaphelele. (1)

4.5 Sebenzisa ibizo 'imithi' emshweni ozakhele wona ukuze kuvele umqondo ohlukile kulona osenkulumweni kaSofi. (2)

4.6 Ngokucabanga kwakho ngabantu abanjani abathola izindlu zomxhaso? Sekela impendulo yakho. (2)
**[10]**

**UMBUZO 5**

5.1 Fundisisa UMBHALO F bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO F (OFUNDWAYO)**

Isizwe sonke siyazi ukuthi imfundo iwukhiye ovula yonke iminyango. Abazali nomphakathi bavumelana ngoshintsho emfundweni yasenyuvesi. Imfundo ephakeme kumele ivuleleke nakubafundi abaphuma emakhaya **adla imbuya ngothi**.
Nokho lolu dlame nokucekelwa phansi kwempahla kuzophindisela uMnyango wezeMfundo emuva. Abafundi bakaMatikuletsheni bathi, 'Sicela amanyuvesi nohulumeni balungise lesi simo ukuze singasweli indawo yokufunda.'
Kwesinye isikhathi inkinga idalwa abafundi abangahloniphi nabangazilungiselele ngokwanele ukubhala ukuhlolwa kokuphela konyaka. Abazali sebecele ukuthi uhulumeni angenelele kulolu daba. Abazali nabo bangakwazi ukusiza ngokukhuza izingane zabo zingashisi izikhungo zemfundo. Yilezi zingane ezihlula abazali eziba yinkinga **emphakathini**. Abantu abasezikhundleni **ezinkulu** bazama ukusizana nabamanyuvesi ukubuyisa isiko lokufunda nokuhlonipha. Abafundi sebefuna ukuqhubeka nokufunda. Akuhlonishwe amalungelo abafundi.

[Umbhalo wokuziqambela]

5.1.1 Guqula lo musho olandelayo ube senkathini ezayo.

Abazali nomphakathi bavumelana ngoshintsho emfundweni yasenyuvesi. (1)

5.1.2 Sebenzisa leli gama elilandelayo emshweni ozakhele wona libe yinhloko yomusho oqondile.

Iminyango. (2)

5.1.3 Lungisa igama elikubakaki ukuze umusho uzwakale kahle.

Uhulumeni (usiza) ngabazali. (1)

5.1.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe. Hlobo luni lwenkulumo oluqukethwe yila mazwi alandelayo?

Zonke izinkinga zasemanyuvesi zidalwa abafundi abangahloniphi nabangazilungiselele ngokwanele ukubhala ukuhlolwa kokuphela konyaka:

A Umyalelo
B Umbuzo
C Umbono
D Iqiniso (1)

5.1.5 Guqula isenzo esibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo sikhombise indlela yamandla.

Inkinga **idalwa** abafundi abangahloniphi. (2)

5.1.6 Tomula isandiso sendawo kulo musho olandelayo bese usisebenzisa emshweni ozakhele wona.

Yilezi zingane ezihlula abazali eziba yinkinga emphakathini. (2)

5.1.7 Hlobo luni lwesichasiso olubhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo?

Abantu abasezikhundleni **ezinkulu** bazama ukusebenzisana nabamanyuvesi. (1)

5.1.8 Bhala lo musho olandelayo ube inkulumo-mbiko.

Abafundi bakaMatikuletsheni bathi, 'Sicela amanyuvesi nohulumeni balungise lesi simo ukuze singasweli indawo yokufunda'. (2)


5.1.9 Khetha isihlanganiso esifanele kulezi ozinikiwe uhlanganise le misho elandelayo.

[kanti, ngakho-ke]

Abafundi sebefuna ukuqhubeka nokufunda. Akuhlonishwe amalungelo abafundi. (2)

5.2 Fundisisa UMBHALO G bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO G (OFUNDWAYO)**




[Izithombe zicashunwe ku-googlepic.com, inkulumo eyokuziqambela]

5.2.1 Leli gama elibhalwe ngokugqamile liwucezu luni lwenkulumo.

Akuthi **nya**! (1)

5.2.2 Bhala igama elimqondophika waleli elibhalwe ngokugqamile kulo musho:

Kuyahlupha ukuba **mude.** (1)

5.2.3 Qhathanisa imizwa evezwa amadoda asesithombeni soku-1 nakwesesi-2. (2)

5.2.4 Chaza isimo sokukhuluma esilandelayo.

Ngizalelwe yinja endlini. (2)

**[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**